 - a. Ithi: Manje sekuyisikhathi sokufunda bese ushicilela umbhalo wakho.
 - b. Hamba phakathi kwabo bese usiza abafundi abanezinselelo bafunde bese beshicilela imibhalo yabo.
5. **Nikeza umsebenzi obhalwayo oseNcwadini yomsebenzi yeDBE.**
 - a. Uma abafundi beqeda ukushicilela, bachazele kufanele basebenzele encwadini yabo yomsebenzi yeDBE.
 - b. Tshela abafundi benze umsebenzi:
 - Incwadi Yokusebenzela YeDBE ekhasini: 31-32
 - Khuluma nomngane wakho ngendaba ofuna ukuyibhala. Bese ugcwalisa imibono yakho kuleli khasi.



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 9&10



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezinga-
hlinzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 54.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 9 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 9 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 10.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



Ukulalela nokuKhuluma: Yethula indikimba



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izithombe
nezinto
zangempela
zokubonisa
indikimba

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Lungisa isiboniso sendikimba:** *Sifunda izinto ezintsha*
2. **Buza imibuzo evulelekile ukuvuselela ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.**
 - *Yini into osafunda kufunda ukuthi yenziwa kanjani, noma osafunda ukuthi yenziwa kanjani?*
 - *Ubani noma yini ekufundisa ukwenza izinto ezintsha?*
 - *Yini into ongathanda ukuyifunda esikhathini esizayo?*
3. **Yenza imephu yengqondo usebenzisa imibuzo nezimpendulo zabafundi.**
4. **Yengeza ezakho izimpendulo emephini yengqondo ukwengeza ulwazi lwabafundi.**
5. **Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 56.**
6. **Yalela abafundi bakhombe ukunothiswa kolimi ukuthola indikimba.**
 - a. Funda kuzwakale ukunothiswa kolimi.
 - b. Yalela abafundi bafunde kanye nawe, noma baphinde emva kwakho: Umuntu ufunda azafe.
7. **Xoxa nabafundi ngokunothiswa kolimi.**
 - a. Buza: Ningangitshela ukuthi kuchazani lokhu? / Ningazicabangela impendulo?
 - b. Khuthaza abafundi babelane ngemibono.
 - c. Chaza incazelo noma ubanikeze impendulo kanje:
Lesi saga sisho ukuthi ukufunda akupheli sifunda izinto ezintsha size sife. Akukalelwe ukuthi ukufunda kuphela nini.



Imisindo Nemofoloji: NGIYENZA: Yethula, uchaze ubonise



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Yethulela abafundi imofimu yesonto: -i**
2. **Yichazele abafundi kanje:**
 - Lesi sakhi sisisebenzisa ukukhomba ukuthi umuntu esikhuluma ngaye wenza into ethile noma kusuke kungumsebenzi wakhe.
 - Ibizomuntu elikhomba ukuthi umuntu wenza into okanye lisistshela kabanzi ngomsebenzi wakhe umuntu.
 - Lesi sakhi sisifaka ekugcineni kwesenzo bese sifaka nesiqalo sesigaba 1 noma 2 kuya ngokuthi ibizonto lisebunyeni noma ebuningini.
 - Uma sifaka lesi sakhi kanye nesiqalo sebizomuntu, siguqula isenzo sesienze ibizomuntu.
3. **Bhala isibonelo soku-1 ebhodini:**
 - subatha
4. **Khombisa uchaze lapho imofimu izofakwa noma izoguqulwa.**
5. **Phinda ubhale isibonelo soku-1 kanye nokuguquka kwaso:**
 - umsubathi
6. **Phinda ngesibonelo sesi-2 kanje:**
 - gijima
 - umgimimi
7. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoMsombuluko Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 58.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Asifudumeze iminwe yethu ngokwenza sengathi sidlala ipiyano.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa indlela yokubhala bese uqedela le misho elandelayo yezinhlamvu ezihlanganisiwe:**
 - *Uzandile wavuka ekuseni kakhulu eyofunda incwadi yakhe ngaphandle.*
 - a. Njengoba ubhala, chaza iphoyinti oqala kulo, indlela nezikhala phakathi kwamagama.
 - b. Yalela abafundi babhale umusho/ imisho ezincwadini zabo zokubhalela.
 - c. Hamba hamba uhlole kumfundi ngamunye: ulakha kanjani uhlamvu, usayizi wohlamvu kanye nokushiyana kwezikhala.
 - d. Yeseka abafundi abadinga usizo.
3. **Qwashisa abafundi ngesivini sokubhala nokucophelela.**
 - a. Ngenkathi abafundi abaningi sebeqedile, ithi 'yimani'.
 - b. Tshela abafundi baqaphele ibanga asebelihambile.
 - c. Uma bengaqedanga, batshele bazame ukubhala ngokushesha kusasa.
 - d. Futhi cela abafundi baqhathanise umbhalo wabo nowakho ebhodini.
 - e. Bacele baqaphele ukuthi mangaki amaphutha abawenzile.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yethula indaba



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi
lesingeniso
85

1. Yethula indaba.

- a. Ithi: Kuleli sonto sizofunda indaba esihloko sithi, *UZandile ufunda ukuzindla.*
- b. Ithi: *Ngelinye ilanga ekuseni, uZandile walunguza othangweni lwengadi wabona omakhelwane bakhe benza okuthile okungejwayelekile. Babehlezi phansi, benza umsindo ohhomuzelela phansi! UZandile wamangala ukuthi babenzani wabe esebuza indodakazi yabo uGeeta ongumlingani wakhe ekilasini. UGeeta wamchazela ukuthi babezindla ukuze bapholise amakhanda futhi bazizwele nokuthula. Ingqondo yakhe iyayaluzwa ngemicabango yomsebenzi wesikole kanye nokudla kwakusihlwa okumnandi! UGeeta wammemela kwamakhelwane, lapho uMnu Kapoor wabakhombisa bobabili ukuthi uyiphambanisa kanjani imilenze bese uphefumula kancane, udonse umoya kakhulu. Ingabe uZandile angakwazi ukuqeqesha ingqondo yakhe ukuthi ihlale ithule? Akesifunde ukuze sithole ukuthi uZandile wakwazi yini ukupholisa ingqondo futhi azizwele ukuthula.*
- c. Ithi: Kukhona okwaziyo ngalokhu?
- d. Khombisa abafundi izithombe zendaba kafushane.

2. Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.

- a. Yabelana futhi uchaze ngeminingwane yangaphambilini olunikezwe ngendaba.
- b. Khombisa abafundi ukuthi indaba yenzekaphi usebenzisa imephu Yeqoqo Lezindaba.
- c. Buza: Ninayo imibuzo ngale ndaba?

3. Chaza isu lokuqondisisa.

- a. Ithi: Kuleli sonto sizofunda: Yenza iziphetho.
- b. Chazela abafundi ngalokhu kuqondisisa.



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 1&2



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezinga-
hlinzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 58.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 1 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 1 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 2.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



Ukulalela nokuKhuluma: Fundisa ulwazimagama



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
olwazi-
magama,
izithombe,
izinto

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Khumbuza abafundi ngendikimba.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 56.
 - b. Phinda ufunde noma usho ukunothiswa kolimi.
 - c. Khombisa abafundi uhlu lwamagama olukulwazimagama sendikimba.
 - d. Chaza ukuthi la magama azosisiza ukuqonda nokukhuluma ngendikimba.
 - e. Bafundele uhlu lwamagama.
2. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**
 - a. Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
 - *ukuzindla: Umkhuba lapho uhlala phansi ngokuthula bese ugxilisa ingqondo ukukusiza uzizwe unokuthula futhi ukhululekile.*
 - *ukuthula: Ukuzizwa unokuthula, ukhululekile, futhi ungakhathazekile noma ungacasukile.*
 - *phazamisekile: Uma ukuqaphela kwakho kusuka kulokhu ozama ukugxila kukhona.*
 - *khululekile: Uzizwa ukhululekile futhi unokuthula.*
3. **Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye:**

K: Khomba isithombe noma into yangempela

L: Lingisa igama

T: Tshela abafundi incazelo yegama

Y: Yisho leli gama emshweni



Imisindo Nemofoloji: SIYENZA: Zilolongele ngokubambisana



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Khumbuza abafundi ngemofimu yesonto: -i**
2. **Bhala isibonelo soku-1 ebhodini:**
 - dlala
3. **Biza umfundi akhombise achaze lapho kufakelwa noma kuguquke imofimu.**
4. **Biza umfundi wesibili aphinde ukubhala isibonelo soku-1 kanye nokuguquka kwaso:**
 - umdlali
5. **Biza umfundi wesithathu aqinisekise ukuthi lokhu kuguquka kulungile.**
6. **Uma kungenjalo, umfundi makeze ebhodini awenze amalungiselelo.**
7. **Phinda ngesibonelo sesi-2 kanje:**
 - luka
 - umluki
8. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesibili Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 59.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokuyithintitha.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa indlela yokubhala bese uqedela le misho elandelayo yezinhlamvu ezihlanganisiwe:**
 - *Omakhelwane bakhe uMnu. noNksy. uKapoor. babehlezi otshanini amehlo abo evaliwe.*
 - a. Njengoba ubhala, chaza iphoyinti oqala kulo, indlela nezikhala phakathi kwamagama.
 - b. Yalela abafundi babhale umusho/ imisho ezincwadini zabo zokubhalela.
 - c. Hamba hamba uhlole kumfundi ngamunye: ulakha kanjani uhlamvu, usayizi wohlamvu kanye nokushiyana kwezikhala.
 - d. Yeseka abafundi abadinga usizo.
3. **Qwashisa abafundi ngesivini sokubhala nokucophelela.**
 - a. Ngenkathi abafundi abanengi sebeqedile, ithi 'yimani'.
 - b. Tshela abafundi baqaphele ibanga asebelihambile.
 - c. Uma bengaqedanga, batshele bazame ukubhala ngokushesha kusasa.
 - d. Futhi cela abafundi baqhathanise umbhalo wabo nowakho ebhodini.
 - e. Bacele baqaphele ukuthi mangaki amaphutha abawenzile.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangaphambili



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 87

1. **Hlela abafundi balungele Ukufunda Kwangaphambili.**
 - a. Biza abafundi bazohlala kukhaphethi noma phansi.
 - b. Hlala phambi kwabafundi neQoqo Lezindaba.
 - c. Qiniseka ukuthi bonke abafundi bayayibona incwadi.
 - d. Khumbuza abafundi ngendlela yokuziphatha elindelekile ngesikhathi sokuFunda ngoKwabelana, isib. Hlala ngemilenze ephindiwe; beka izandla emathangeni; lalélisisa; phendula uma ubizwa; phakamisa isandla uma ufuna ukubuza umbuzo.
2. **Yenza Ukufunda Kwangaphambili kanje:**
 - a. Isho isihloko sendaba.
 - b. Chaza ngekhono lokubikezela. Ithi: Uma sibikezela, sisebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela ukuthi indaba ingani.
 - c. Khombisa abafundi izithombe ekhasini ngalinye.
 - d. Buza: Nicabanga kwenzakalani lapha?
 - e. Buza: Nicabanga lezi zithombe zixhumana kanjani?



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 3&4



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezinga-
hlinzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 59.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 3 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 3 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 4.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



Ukulalela nokuKhuluma: Fundisa ulwazimagama bese nixoxa ngesithombe sendikimba



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
olwazi-
magama,
izithombe,
izinto

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**
 - a. Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
 - ukubangcono: ukwenza kangcono entweni ethize.
 - Imiyalelo: Izinyathelo ezikutshela ukuthi uyenze kanjani into.
 - imiyalelo yokupheka: Uhla lwezithako kanye nezinyathelo zokwenza ukudla.
 - izinsiza (izinsiza zokufunda): Izinto ezisisiza ukufunda, njengezincwadi, izithombe, amavidyo, noma abantu abasifundisayo.
 - b. Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye.
2. **Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 60.
 - b. Tshela abafundi ngolwazi olulandelayo ngesithombe:
 - Yini into osafunda kufunda ukuthi yenziwa kanjani, noma osafunda ukuthi yenziwa kanjani?
 - Ubani noma yini ekufundisa ukwenza izinto ezintsha?
 - Yini into ongathanda ukuyifunda esikhathini esizayo?
3. **Xoxa ngesithombe.**
 - a. Sebenzisa imibuzo elandelayo ukuxoxa ngesithombe kanje:
 - Buza umbuzo wokuqala.
 - Yalela abafundi baxoxe nozakwabo ngombuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpundulo zalo.
 - Yakha ulwazi lwabafundi lwangaphambilini ngokulungisa ukungaqondi nangokwabelana ngolwazi oluhambisana nendikimba.
 - Phindaphinda le ndlela kuyo yonke imibuzo.
4. **Imibuzo:**
 - a. Yiziphi izindlela ezahlukeni abantu abakulesi sithombe abafunda ngazo?
 - b. Ubani ongasisiza sifunde into entsha?
 - c. Yini into entsha osanda kuyifunda?



Imisindo Nemofoloji: UYENZA: Zilolongele nozakwenu, bese njengomuntu ozimele



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Hlalisa abafundi kanye nezincwajana zabo.**
2. **Khumbuza abafundi ngemofimu yesonto: -i**
3. **Bhala isibonelo soku-1 ebhodini:**
 - lima
4. **Batshele ukuthi mabakopishele isibonelo soku-1 ezincwajaneni zabo.**
5. **Bese, tshela abafundi ukuba basebenzisane nozakwabo benze okulandelayo:**
 - a. Khombisa uchaze lapho imofimu izofakwa noma izoguqulwa.
 - b. Phinda ubhale isibonelo soku-1 esesiguquliwe.
6. **Biza abafundi bakulalele.**
7. **Khombisa isibonelo soku-1 ebhodini, wenze okulandelayo:**
 - Khombisa uchaze lapho imofimu izofakwa noma izoguqulwa.
 - a. Phinda ubhale isibonelo soku-1 kanye nokuguquka kwaso:
 - pheka
8. **Batshele abafundi ukuba bazihlalele umsebenzi wabo benze amalungiselelo uma kudingeka.**
9. **Phinda nesibonelo sesi-2, kodwa manje-ke, kufanele wonke umfundi azisebenzele eyedwa:**
 - umlimi
 - umpheki
10. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 61.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokucindezela izandla zibe yisibhakela sibale ka-5, bese siyakhulula.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa indlela yokubhala bese uqedela le misho elandelayo yezinhlamvu ezihlanganisiwe:**
 - *Ingabe bengani uZandile wagibuza.*
 - a. Njengoba ubhala, chaza iphoyinti oqala kulo, indlela nezikhala phakathi kwamagama.
 - b. Yalela abafundi babhale umusho/ imisho ezincwadini zabo zokubhalela.
 - c. Hamba hamba uhlole kumfundi ngamunye: ulakha kanjani uhlamvu, usayizi wohlamvu kanye nokushiyana kwezikhala.
 - d. Yeseka abafundi abadinga usizo.
3. **Qwashisa abafundi ngesivinini sokubhala nokucophelela.**
 - a. Ngenkathi abafundi abaningi sebeqedile, ithi 'yimani'.
 - b. Tshela abafundi baqaphele ibanga asebelihambile.
 - c. Uma bengaqedanga, batshele bazame ukubhala ngokushesha kusasa.
 - d. Futhi cela abafundi baqhathanise umbhalo wabo nowakho ebhodini.
 - e. Bacele baqaphele ukuthi mangaki amaphutha abawenzile.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kokuqala



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 87

1. Lungiselela abafundi Ukufunda Kokuqala.

- Hlalisa abafundi kukhaphethi.
- Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
- Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UZandile ufunda ukuzindla.*
- Ithi: *Ngelinye ilanga ekuseni, uZandile walunguza othangweni lwengadi wabona omakhelwane bakhe benza okuthile okungejwayelekile. Babehlezi phansi, benza umsindo ohhomuzelela phansi! UZandile wamangala ukuthi babenzani wabe esebuza indodakazi yabo uGeeta ongumlingani wakhe ekilasini. UGeeta wamchazela ukuthi babezindla ukuze bapholise amakhanda futhi bazizwele nokuthula. Ingqondo yakhe iyayaluza ngemicabango yomsebenzi wesikole kanye nokudla kwakusihlwa okumnandi! UGeeta wammemela kwamakhelwane, lapho uMnu Kapoor wabakhombisa bobabili ukuthi uyiphambanisa kanjani imilenze bese uphefumula kancane, udonse umoya kakhulu. Ingabe uZandile angakwazi ukuqeqesha ingqondo yakhe ukuthi ihlale ithule? Akesifunde ukuze sithole ukuthi uZandile wakwazi yini ukupholisa ingqondo futhi azizwele ukuthula.*

2. Yenza Ukufunda Kokuqala kanje:

- Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
- Khombisa abafundi izithombe.
- Lapho kufanele khona, yima uchazele abafundi.
- Balula amagama akulwazimagama uma evela.
- Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 1 kanje:
 - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
 - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
- Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yoku: Yenza iziphetho.
 - Buza abafundi: Yini esingayiqagela kahle ngalokhu angasitshelanga ngakho umbhali? Yini ongayiqagela ngemicabango noma imizwa yomlingiswa?



Ukubhala: Yethula uphinde uzijwayeze iKNZ



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Akudingeki
zinsiza

1. **Yethula iKNZ (UKwakheka Nezimiso Zolimi) egxilile.**
 - a. Ithi: Kuleli sonto sizogxila ku: Ukusebenzisa isihlanganiso esithi 'futhi' ukuhlanganisa izinto ezimbili noma imibono ehlobene.
 - b. Bhala umusho ebhodini:
Ngiyathanda ukufunda izincwadi. Ngiyathanda ukubuka ibhayisikobho. Ngiyathanda ukufunda izincwadi kanye nokubuka ibhayisikobho.
 - c. Chaza iKNZ kumongo: Isihlanganiso esithi 'futhi' sisetshenziswa ukuhlanganisa izinto ezimbili noma imibono ehlobene.
2. **Yenza iKNZ nabafundi.**
 - a. Bhala ebhodini: Ngiyathanda ukufunda ngezitshalo. Ngiyathanda ukufunda ngezilwane.
 - b. Buza abafundi: Singalisebenzisa kanjani elithi 'futhi' ukuze sihlanganise le misho emibili?
 - c. Xoxisanani nabafundi:
Hlanganisa imisho emibili usebenzisa 'ufuthi': Uma sinemisho emibili ekhuluma ngemibono efanayo, singayihlanganisa sisebenzisa isihlanganiso 'futhi'. Singayihlanganisa imisho emibili kanje:
Ngiyathanda ukufunda ngezitshalo futhi ngiyathanda ukufunda ngezilwane. Ngesinye isikhathi singawenza umusho ubemfushane ngokususa amagama aphindaphindiwe, kanje: Ngiyathanda ukufunda ngezitshalo nangezilwane.
3. **Nikeza abafundi ithuba lokwenza iKNZ ngokuzimela.**
 - a. Bhala ebhodini:
 - URefiloe uyathanda ukudlala nabangani bakhe. URefiloe uyathanda ukudlala ibhola lezinyawo.
 - Ngingamethemba ugogo wami. Ngingamethemba usisi wami.
 - UThabang wabona izinkomo ngaphandle kwefasitela. Wabona izimbuzi ngaphandle kwefasitela.
 - b. Chazela abafundi:
 - Sebenzisa isihlanganiso 'kanye/bese/futhi' ukuze sihlanganise la maqoqo emisho.
 - Imibono kumele ihambelane.
 - Hlanganisa imisho emibili usebenzisa 'ufuthi'.
 - Susa ungqi emushweni wokuqala.
 - Faka igama 'futhi' phakathi kwemisho emibili.
 - Gcina ungqi oyedwa kuphela ekugcineni.
 - c. Nikeza abafundi imizuzwana baqedele umsebenzi.
4. **Hlola ukuqonda kwabafundi.**
 - a. Bizela abafundi ndawonye.
 - b. Biza abafundi abahlukahlukeni bazokwabelana ngezimpendulo zabo.
 - c. Khomba: Isihlanganiso esithi 'futhi' sisetshenziswa ukuhlanganisa izinto ezimbili noma imibono ehlobene.



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 5&6



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezinga-
hlinzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 61.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 5 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 5 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 6.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



Imisindo Nemofoloji: Umdlalo wokuKhumbula amaMofimu



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Ekuqaleni kwethemu, fundisa abafundi ngalo mdlalo. Chaza ukuthi uzodlalwa njalo ngoLwesine.

Imiyalelo:

1. Hlalisa abafundi ngamaqembu ahamba ngaba-4-6..
2. Chaza ukuthi bazodlala umdlalo ngamamofimu.
3. Ithi imofimu eyafundiswa, isib. aba
4. Umqondisi womdlalo uqala ngokuthi: Amagama asebenzisa 'aba' yilawa: abantu.
5. Umdlalo uqhubeka ngendlela yewashi.
6. Umfundi olandelayo uthi: Amagama asebenzisa 'aba' yilawa: abantu and ababusi.
7. Umfundi wesithathu uthi: Amagama asebenzisa 'aba' yilawa: abantu, ababusi and nabaqulusi.
8. Umdlalo uyaqhubeka kumfundi kuya kumfundi, ukuze awasekho amagama angashiwo.
9. Kufanele abafundi babhale uhlu lwamagama ngendlela efanele, uma kungenzanga bayaphuma kulo mjikelezo.
10. Umfundi wokugcina kulo mjikelezo ngumqobi wawo.
11. Lo mfundi ukwazi ukuqala umjikelezo olandelayo.
12. Uma iqembu seliqedile umjikelezo, kufanele bahlale ngokuthula bethwele izandla ekhanda belindela imofimu entsha.
13. **Uma lonke iqembu selilungile, nikeza ngemofimu entsha, isib. -i**
14. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesine Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 62.
 - b. Funda umbhalo ngokuzwakalayo. Tshela abafundi balandele ezincwadini zabo njengoba ufunda.
 - c. Funda umbhalo futhi, kulokhu, abafundi kumele bajoyine bafunde nawe.
 - d. Bonisa ebhodini indlela yokugcwalisa umsebenzi wokuqonda obhaliwe.
 - e. Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokuzungezisa izihlakala kuya ngakwesesinxele nangakwesokudla.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa indlela yokubhala bese uqedela le misho elandelayo yezinhlamvu ezihlanganisiwe:**
 - *Uzandile wabuyela futhi elokhu zegama.*
 - a. Njengoba ubhala, chaza iphoyinti oqala kulo, indlela nezikhala phakathi kwamagama.
 - b. Yalela abafundi babhale umusho/ imisho ezincwadini zabo zokubhalela.
 - c. Hamba hamba uhlale kumfundi ngamunye: ulakha kanjani uhlamvu, usayizi wohlamvu kanye nokushiyana kwezikhala.
 - d. Yeseka abafundi abadinga usizo.
3. **Qwashisa abafundi ngesivinini sokubhala nokucophelela.**
 - a. Ngenkathi abafundi abaningi sebeqedile, ithi 'yimani'.
 - b. Tshela abafundi baqaphele ibanga asebelihambile.
 - c. Uma bengaqedanga, batshele bazame ukubhala ngokushesha kusasa.
 - d. Futhi cela abafundi baqhathanise umbhalo wabo nowakho ebhodini.
 - e. Bacele baqaphele ukuthi mangaki amaphutha abawenzile.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwesibili



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 87

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwesibili.**
 - a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
 - b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
 - c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UZandile ufunda ukuzindla.*
 - d. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yoku: Yenza iziphetho.
 - Ithi: Khumbulani besixoxa ngalokhu izolo, ngesikhathi nginibuza: Yini esingayiqagela kahle ngalokhu angasitshelanga ngakho umbhali? Yini ongayiqagela ngemicabango noma imizwa yomlingiswa?
2. **Yenza Ukufunda Kwesibili kanje:**
 - a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
 - b. Khombisa abafundi isithombe.
 - c. Sebenzisa izibonelo ezisekhasini lwesingeniso ukukhombisa isiqondiso sokuqondisisa.
 - d. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 2 kanje:
 - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
 - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.



Ukubhala: Uthisha ubonisa indlela yokuhlela



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Uhlaka
lokubhala

1. **Ethula isihloko sokubhala.**
 - a. Ithi: Kulomjikelezo sizobhala: Okubhalwe kudayari mayelana nokuzama into entsha.
2. **Chaza impendulo yakho yomsebenzi obhalwayo, ngaphambi kokuwubhala. Sebenzisa uhlaka lokubhala.**
 - a. Ithi: Ngizobhala mayelana nokuzama... okokuqala. Embhalweni wedayari, sigxila ekubhaleni mayelana nemicabango kanye nemizwa yethu, ngakho ngizobhala mayelana nokuthi ngazizwa kanjani...
3. **Bonisa ukuhlelwa komsebenzi obhalwayo ebhodini.**
 - a. Dweba ngokushesha isithombe esikhombisa: Zidwebe wena uzama ukwenza into entsha.
 - b. Sebenzisa imephu yengqono ukuhlela indaba yakho:
 - Uzame ukufunda ini noma ukwenza ngcono namhlanje?
 - Kungani ubufuna ukufunda leli khono?
 - Wazizwa kanjani ekuqaleni? Kungani wawuzizwa kanjalo?
 - Iyiphi ingxenye eyayinzima kuwe?
 - Imaphi amaphutha owawenza ngenkathi ufunda?
 - Wazizwa unjani ngesikhathi wenza amaphutha noma uzabalaza?
 - Ubani owakusiza, futhi wenzani noma wathini?
 - Wenzani ukuthi uqhubeke uzame nanoma kwakunzima?
 - Wakwazi kanjani ukwenza ngcono ngokuhamba kwesikhathi?
 - Uzizwa kanjani manje mayelana nalokhu osukwazi ukukwenza?
4. **Enza abafundi bacabange.**
 - a. Ithi: Kusasa, nizohlela eyenu imibhalo. Nize nemibono yenu kusasa.

Uhlaka lokubhala:

Sawubona Dayari,
Ngizame uku...
Ekuqaleni, ngiziwa ngi... ngoba...
Bengisokola no...
Ngenze amaphutha, njengoku...
Uma ngithole ukuthi kunzima, ngi...

Uthisha wami / umngane wami / umndeni wami ungisize ngoku...
Noma bekunzima, ngiqhubeke nokuzama ngoba...
Kancane kancane, ngibone ukuthi...
Ngiziwe... uma ngibone ukuthi ngiyaphumelela.
Manje sengikhona uku... futhi ngiziwe ngi...
Yimi,
[Igama]



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaqembu 7&8



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezinga-
hlinzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 62.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 7 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 7 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 8.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



Ukulalela nokuKhuluma: Xoxani ngendaba yokufunda ngokwabelana



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Uhlaka lwengxoxo:
Ingqikithi yale ndaba beku...
Ngimthande lo mlingiswa ngoba...
Ngifunde ukuthi...
Ngicabanga ukuthi bekunga-lungile / bekulungile ngesikhathi... ngoba...

1. **Lungisa abafundi ubalungiselele ingxoxo yeqembu.**
 - a. Hlela abafundi babe ngamaqembu ama-4.
 - b. Nikeza iqembu ngalinye 'induku noma itshe lokukhuluma'.
 - c. Ithi: Ungakhuluma kuphela uma uphethe 'induku/itshe lokukhuluma'.
2. **Xoxani ngemibuzo yengxoxo.**
 - a. Khumbuza abafundi ngendaba yokwabelana yaleli sonto.
 - b. Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini.
 - c. Funda bese uchaza umbuzo ngamunye (ukuqala komusho).
 - d. Tshela abafundi ukuthi ilungu ngalinye leqembu kumele lithole ithuba lokuphendula umbuzo ngamunye.
 - e. Khuthaza abafundi bacabange ngezimpendulo ezahlukene.
3. **Yalela abafundi baqale izingxoxo zabo.**
 - a. Yalela abafundi abaphethe 'induku/itshe lokukhuluma' baqale.
 - b. Hamba phakathi kwabo ubasize lapho kunesidingo.
 - c. Emizuzwini yokugcina, biza iqembu lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
4. **Ukulungiselela abafundi**
 - a. Khetha abafundi aba-3-4 ukuba benze Izethulo Zomlomo ngoMsombuluko.
 - b. Tshela laba bafundi yini abazoyilungiselela yangoMsombuluko. (Bheka uhlelo lwezifundo ze-LK zangoMsombuluko)



Imisindo Nemofoloji: Isibizelo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Akudingeki
zinsiza

1. **Hlalisa abafundi kanye nezincwajana zabo, amapensela namarula:**
 - a. Tshela abafundi babhale isihloko esithi, 'Isibizelo' bese bebhala izinombolo 1–5 eduze komugqa oseceleni.
 - b. Biza la magama amahlanu alandelayo ukuze abafundi bawabhale eceleni kwezinombolo 1–5: umthengi, umdobi, umshayeli, umakhi, umhlengi
 - c. Okulandelayo, tshela abafundi babhale umusho owubizayo, basebenzise izimpawu ezifanele.
 - d. Biza lo musho olandelayo. Wuphinde ngokunensa, kabili uma kudingeka: Umhlengi uhlenga iziguli.
2. **Tshela abafundi basebenzise amapensela anombala ukulungisa umsebenzi wabo.**
 - a. Bhala la magama amahlanu kanye nomusho ebhodini.
 - b. Njengoba ubhala, phimisa igama ngalinye.
 - c. Kulo musho, khombisa uphawu lokubhala olusetshenzisiwe.
 - d. Tshela abafundi bakokelezele amaphutha abo ngepensela elinombala.
 - e. Tshela abafundi babhale kabusha amaphutha abo bawalungise.
3. **Qaphela izinselelo kanye nenqubekela phambili yabafundi.**
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesihlanu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 64.
 - b. Funda umbhalo ngokuzwakalayo. Tshela abafundi balandele ezincwadini zabo njengoba ufunda.
 - c. Bonisa ebhodini indlela yokugcwalisa umsebenzi wokuqonda obhaliwe.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangemuva



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 87

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwangemuva.**
 - a. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UZandile ufunda ukuzindla.*
 - b. Chaza ngomsebenzi. Ithi: Namhlanje sizolingisa indaba ngamaqembu.
2. **Bonisa umsebenzi kanje:**
 - a. Ithi: Uma silingisa indaba, kumele sizame lokhu:
 - Khumbula ukuthi umlingiswa wenzani futhi uthini
 - Khuluma futhi wenze njengomlingiswa wethu
 - Sebenzisa amanye amazwi afanayo nalawo omlingiswa wethu
 - b. Khombisa abafundi kafushane ukuthi ungamlingisa kanjani omunye wabalingiswa.
 - c. Gwema ukukhetha umlingiswangqangi ngesibonelo sakho.
3. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
 - a. Bala ukuthi bangaki abalingiswa endabeni.
 - b. Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu analelo nani. Isibonelo, uma kukhona abalingiswa aba-5 endabeni, hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu ama-5.
 - c. Nika umfundi ngamunye eqenjini umlingiswa oyedwa.
 - d. Phumela nekilasi ngaphandle noma endaweni enkulu avulekile.
 - e. Tshela amaqembu alingise indaba. Kufanele:
 - Bakhumbule ukuthi umlingiswa amlingisayo wenzani futhi uthini
 - Bakhulume futhi benze njengomlingiswa amlingisayo
 - Basebenzise amanye amazwi afanayo nalawo omlingiswa
 - f. Ngesikhathi abafundi belingisa indaba, hamba phakathi kwabo ubasize lapho kudingeka.
4. **Vumela abafundi babelane ngomsebenzi wabo.**
 - a. Nikeza abafundi imizuzwana bakhombise abalingani umsebenzi wabo.
 - b. Biza omunye umfundi azokwabelana nekilasi ngomsebenzi wakhe.



Ukubhala: Abafundi bayahlela



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Uhlaka
lokubhala

1. **Khumbuza abafundi ngesihloko sombhalo.**
 - a. Ithi: Kulomjikelezo sizobhala: Okubhalwe kudayari mayelana nokuzama into entsha.
2. **Tshela abafundi bacabange ngezimpendulo zabo ngesihloko sombhalo.**
 - a. Ithi: Manje cabanga ngokuthi uzophendula kanjani ngesihloko sombhalo.
 - b. Tshela abafundi babelane ngemibono nabalingani babo.
 - c. Biza abafundi abayingcosana bazokwabelana ngezimpendulo nekilasi.
3. **Tshela abafundi bahlele umbhalo wabo ezincwadini zokubhalela.**
 - a. Ithi: Manje sebenzisa imephu yengqondo ukuloba imibono yakho bese uhlela umsebenzi wombhalo.
4. **Hamba phakathi kwabo bese usiza abafundi ngamunye ukuhlela.**
 - a. Ithi: Ngitssheleni ngemibono yenu.
 - b. Siza abafundi abanezinselele ukugcwalisa amamephu abo engqondo.

Uhlaka lokubhala:

Sawubona Dayari,
Ngizame uku...
Ekuqaleni, ngiziwa ngi... ngoba...
Bengisokola no...
Ngenze amaphutha, njengoku...
Uma ngithole ukuthi kunzima, ngi...

Uthisha wami / umngane wami / umndeni wami ungisize ngoku...
Noma bekunzima, ngiqhubeka nokuzama ngoba...
Kancane kancane, ngibone ukuthi...
Ngiziwe... uma ngibone ukuthi ngiyaphumelela.
Manje sengikhona uku... futhi ngiziwe ngi...
yimi,
[Igama]



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 9&10



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezinga-
hlinzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 64.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 9 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 9 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 10.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



Ukulalela nokuKhuluma: Isethulo Somlomo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Akudingeki
zinsiza

1. **Hlalisa abafundi ukuze babuke ozakwabo bethula izethulo zabo zomlomo.**
2. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi olandelayo: Uxoxa indaba yakho**
 - a. Sitshele ukuthi indaba yakho imayelana nani. Ithi:
 - Namhlanje ngizonitshela ngokuthi...
 - Bese, uxoxa indaba yakho.
 - Sitshele okwenzekile ngokulandelana kwakho.
 - Sitshele amaphuzu abalulekile ngendaba yakho.
 - Phetha ngokusitshela ukuthi indaba yakho yakwenza wazizwa kanjani.
3. **Khumbuza abafundi ngala makhono ezethulo ngomlomo:**
 - a. Ngesikhathi uxoxa indaba yakho, khumbula lokhu:
 - Sitshele ukuthi indaba yakho imayelana nani
 - Sitshele ukuthi kwenzeke nini
 - Sitshele ukuthi kwenzeke kubani
 - Yisho imisho yakho ngokulandelana kwayo
 - Yisho kanye kuphela - ungaphindi ukuyisho
 - Khulumela phezulu, ngezwi elicacile
4. **Biza abafundi abaqokiwe ngamunye ngesikhathi bazokwethula umsebenzi wabo.**
 - a. Yakha ukuzethemba komfundi ngamunye ngokuthi ubonge indlela ethule ngayo umsebenzi wakhe bese ubanika umbono owakhayo.
 - b. Ekugcineni kwesifundo, nikeza abafundi umbono ojwayelekile ngezethulo zabo ukuze benze kangcono ngokulandelayo. Isibonelo: Ngibe nobunzima bokuzwa abanye benu. Ngicela nizame ukuphakamisa amaphimbo - sifuna ukuzwa lokho enikushoyo.



Imisindo Nemofoloji:



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. Qondisa abafundi emsebenzini wangoMsombuluko Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.

- Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 66.
- Bachazela abafundi ngemisebenzi ngokuhlela imisho.
- Bonisela ngomsebenzi ngamunye ebhodini.
- Batshele abafundi ukuthi mabaqede imisebenzi ezincwajaneni zabo.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:

Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.

- Ithi: Masifudumeze iminwe yethu uyidlalise ngokuyivala uyivule.
- Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.

